"Yebo, Mama, ingabe konke kulungile?" kubuza u-Afrika. "Ingabe usakhathazeka manje, sesinitholile ninoDintle. Anisalahlekile manje..."

UDintle wayejabule kakhulu ukubona umnewabo. U-Afrika wagobela kuyena wamgona.

"Mama, lona ngu-Asanda, umngani wami omusha," kusho u-Afrika. "Ungifundise ukuthwala ibhodlela likadlilinki ekhanda lingawo. Ufuna ukuthenga incwadi."

"Sawubona-ke, Asanda, ngiyajabula ukukwazi," kusho uMme wa Afrika emamatheka. "Manje-ke, asibheke izincwadi sibone ukuthi singatholani! Afrika, khumbula ukuthi ubufuna ukufunda ukwakha indlu yenyoni." Bonke bachitha

isikhathi bebhaka izincwadi, uMama wathola eyayifundisa ukwenza izinto



ezahlukene ngokhuni.

"Ngiyayicela bandla, Ma!" kucela u-Afrika kunina. "Yebo, uma uyithanda ungayithatha,"

kusho uMama.

Kwabe sekuyisikhathi sokuba bahambe. "Bheka, Asanda! Ngizogoduka nencwadi yami ngiyithwele ekhanda!" kusho u-Afrika, ethwele incwadi yakhe entsha ekhanda.

"Ungakhohlwa ukuphakamisa ikhala lakho emoyeni, njengomntwana wasebukhosini!" kuhleka u-Asanda.



Ukuphi?

Ndaba ngu-Ann Walton

Imidwebo nguRico

Ihunushwe nguMolungi Mbhele

“Siya kothengal! Siya kothengal!” U-Afrika wagxumagxuma phambi kukuDintle. Unina, uMme wa Afrika, wavelle wamamatheka, uDintle yena washaya izandla.

“Yebo,” kusho uMme wa Afrika, “ngakho gqoka izicathulo zakho. Kufanele siphuthume. Sisazohamba siye estobhini sebhasi.”

Estobhini sebhasi, babebaningi abantu nabo ababelinde ibhasi. Lapho bonke sebengene ebhasini, wonke umuntu wayempintshেকেle nokho. UMme wa Afrika wayegone uDintle. Kwase kuhlala omunye wesifazane eduze kwakhe. U-Afrika wayehlezi ngaleyana kukanina, empintshেকেle ngasfasiteleni. Kodwa wayengakhathazekile neze ngoba kwakusho ukuthi uzokwazi ukubuka ngefasisela.

Ekuqineni umshayeli webhasi wamemeza wathi,



“Istobhi sokugcina!”

“Woza, Afrika. Sesiyelela lapha,” kusho unina. Emva kokuba behlile ebhasini, uMme wa Afrika wabeletha uDintle emhlane. “Yiba seduze kwami,” etshela u-Afrika. “Le ndawo inesiphithiphithi kakhulu.”

Ngempela kwakunesiphithiphithi. Kwakunabantu ababephethe izikhwama beqhumba izinqola ezigcwele izimpahla ezithengiwe. Kwakukhona futshi nowesifazane owayethwele ekhanda izimpahla zakhe ayezithengile.



“Ungakwenza lokhu wena, Mama?” u-Afrika ebuza unina.

“Ukwenzani?” kubuza uMme wa Afrika.

“Ukuthwala izinto ekhanda lakho kanjeya,” kusho u-Afrika.

“Hawu, yebo. Kulula,” kuphendula unina.

U-Afrika wambuka owesifazane ehamba waze wayosithela ezixukwini zabantu ababemile ngasemiphemeni yasemakethe.

“Ngiqinisile, nami ngingazithwala izinto ekhanda!” kusho u-Afrika ezicabangela. Wabona ibhodlela leplastiki likadilinki elase lingenalutho phansi. Walicosha wase elibeka ekhanda lakhe, kodwa kwadingeka alibambe ngoba lalilokhu liwa.

“Weee!” kusho intombazane eduze kwakhe.

“Ngizokukhombisa ukuthi kwenziswa kanjani lokho!” Yathatha ibhodlela likadilinki, yalibeka ekhanda layo, yabhekisa ikhala layo phezu emoyeni, yahamba izungeza u-Afrika njengenkosazane yasebukhosini.

“Hawu!” kusho



Yonke into esiqiwini yayizwakala ithule ngendlela engejwayelekile


“Ngicabanga ukuthi ilanga alikhanyi namhlanje ngoba nalo liphatheke kabi ngenkonyane yendlulamithi,” kusho uSisanda.

Indlovu enkulu yabuka umndeni ngenkathi weidlula.

“Mhlawumbe izibuza ukuthi kunгани: intombazanyana iya emsebenzini nabazali bayo,” kusho unina kaSisanda.

USisanda wangqekuzisa ikhanda. “Izomangala uma isithola ukuthi kunгани,” kucabanga yena.

Bathola inkonyane yendlulamithi imi yodwa. Intamo yayo encane ende yayilenga nje, futshi amehlo avo amakhulu awebukeka eqcwele usizi. USisanda



wama eduze kwayo ngendlela ayengakwazi ukuthi enze ngayo. Wawula isikhwanyana sakhe wase ekhipha incwadi. Abazali bakhe bamangala nje lapho eseqala ukufundela inkonyane yendlulamithi. Yaphendula ikhanda layo ibheka ngalapho okwakuphuma khona iphimbo lakhe, futshi yalalela sengathi iqonda igama ngalinye. Ekuqaleni, abazali bakasanda bacabanga ukuthi ukufundela indulamithi kwakuyinto exakile umuntu angayenza, kodwa bashintshe imiqondo yabo ngesikhathi sebebona ukuthi yayibukeka inkuthula kanjani – amehlo ayo amnene ebheke uSisanda.

“Indaba yami imenze wazizwa engcono,” kusho uSisanda kumkhulu wakhe ngesikhathi efika ekhaya. USisanda wayevame ukuvakashela indulamithi encane ntambama kanye nangezimpelasonto. Kanti njalo uma eya khona, wayephatha enye indaba azokwabelana ngayo nenkonyane. Abangani ababili abasha babebukeka bebahle bendawonye kangangokuthi nezivakashi zazibathatha izithombe.

Kancane, kancane, indulamithi yaya isiramama. Abantu basesiqiwini sezizwane babeyimakekela kakhulu, kanti nalo lonke uthando lomngani wayo omusha, uSisanda, lwalusebenza njengomlingo.

Ngelinye ilanga umphathi wesiqiwi wacela

uSisanda ukuthi aqambe umngani wakhe omusha igama.

“Ngicabanga ukuthi ihle igama elithi: Thokozani,” kusho uSisanda.

Ngosuku olulandelayo umphathi wesiqiwi washayela usisanda uthisha kaSisanda. Wamema bonke abafunda noSisanda ukuthi bazobona uThokozani. Indulamithi ehle yayisikhule yaba yinde futshi yanamandla ezinyangeni ezintatathu kusukela ngosuku lokugala uSisanda eyivakashela.

Ngosuku lokuvakashela, izingane ezifunda iBanga lesi-3 ezingamashumi amane zazilinde zibheke ngamehlo abomvu ukuvulwa kwamamasango esiqiwi. USisanda wayesezihola ngokughoshisa zonke sebeya kuThokozani. Ezinye izingane zabuka le ndulamithi ende ngokumangala. Ezinye zagigitheka kodwa zinovadiwana. Uthisha wazo, uNkosazane Khanyile, wavelle wamamatheka nje.

“Muhle umngani wakho, Sisanda. Umenzele umusa,” esho kamnene.

“Ubani igama lakhe?” kubuza omunye wabafana.


“UThokozani,” kuphendula uSisanda.

“Ukuthi Thokozani phele kusho ukuthi ‘jabulani’,” kuchaza uNkosazane Khanyile.

Izingane zahlala phansi zalalela ngesikhathi uSisanda ezifundela indaba ayeyifundele uThokozani ngosuku ayeqala ukumbona ngalo. Umphathi wesiqiwi wathatha izithombe. Ezinye izivakashi ezazidlula nazo zathatha izithombe. Nomthwebuli-zithombe wephephandaba lendawo naye wathatha izithombe.

Wabethembisa ukuthi isithombe sabo sizovela ephephandabeni maduze nje. Wonke umuntu washaya ithombe.

Saze sasihle lesi siphoh! Ukufundelwa kuyamduduza umngani.



Yabelana ngendaba namuhla!



Ukuqhakazisa ulwazi lwezingane ngokuxoxa

izindaba kanye nokufunda

www.nalibali.org

www.nalibali.mobi

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)



UNeo nomhlaba omkhulu, obanzi

Indaba nguVianne Venter Imidwebo nguRico Ihunyshwe nguBusisiwe Pakade

UNeo wabheka ngefasisela legumbi lakhe lokulala ebuka ingxenyane empunga yomgwaqo ompunga lapho okwakugcwele khona abantu abamanzi, abampunga ababegijima emvuleni empunga, ena ngamandla. Wayengakwazi ukuphuma, kanti wayesefundele uMbali zonke izincwadi zakhe.

Kuserjalo kwangena uGogo enezinwele ezibheke phezulu ngokuphushulwa umoya wangaphandle. Wayephethe okuthile. UNeo wabona ukuthi le nto iyisicaba, ithanda ukuba yisikwele, futhi inemibala eminingi ... futhi yayingavuleka – injengebhokisi lomcebo!

“Le kwakuyindaba engangiyithanda ngesikhathi ngisemncane ngilingana nawe,” kusho uGogo kuNeo. “Kwakuwumnyango wami wokungena emhlabeni omkhulu, obanzi.”

Wase eyivula incwadi.

Ekhasini lokuqala kwakukhona isithombe sendawo yomlingo, ekude kakhulu nosuku olumpunga ngokwedulele. Iqele lalinemibala eluhlaza okotshani kanye nesagolide nensundu, nesibhakabhaka esihle, esikhulu, esiluhlaza phezulu, kanye nelanga elifudumele, eliphuzi, elikhupha umkhovu etsheni.

“Hawu! Ngabe kuyiqiniso lokhu?” kumangala uNeo.

UGogo wamamatheka. “Hawu, awazi

yini? Zonke izindaba

zingezangempela, uma

ukholelwa kuzo,” kusho yena.

Wase ekhomba endaweni

ekhasini lapho kunomfana

ocishe alingane noNeo

onqamula eqeleni.

Lapho uGogo efunda,

uNeo wavala amehlo akhe

wasuka la ekhona, weqa

amagquma ... wanqamula

umhlaba omuhle, onsundu ...

esinge emhlabeni omkhulu,

obanzi.

Wezwa amazwi aseqeleni.

“Phuma! Phuma!” kucula inyani encane.

“Lolu usuku oluhle!” kucula izihlonono.

“Phuma, woza uzodlala,” kuhleba umoya

otshanini obude.



UNeo wakhumbula imvula enayo, empunga, futhi wazibuza ukuthi ngabe kufanele yini ukuthi abe ngaphandle. Kodwa-ke endabeni, ungenza noma yini. Kwakungekho mvula lapha. Ngakho, uNeo wanqamula iqele.

Into yokuqala ayibonayo kwaba yinto ephakeme enomzimba onamandla, yokhuni. Yayinezingalo ezinde, ezinsundu ezazifinyelela esibhakabhakeni, futhi inekhanda elikhulu, elingathi linezinwele ezizizinti eziluhlaza okwamaqabunga ezazipheshulwa umoya oshisayo.

“Sawubona,” kusho uNeo, ehlahle amehlo.

“Uyini?”

“Ngiyisihlahla. Ngikwazi ukubona kulo lonke



iqele elikhulu lamathafa asagolide. Gibela, uzobuka kanye nami.” Kusho isihlahla seluleka, uNeo wase egibela.

Ephezulu emagatsheni, uNeo wakwazi ukubona ukuyofika ekupheleni komhlaba. Kanti-ke kwakuningi okwakulaphaya phandle, okwakucishe kumethuse lapho ecabanga ngakho.

Kodwa isihlahla sambamba walokhu ephephile, salokhu sihleba sithi, “Hamba uyohlola leya ndawo. Ungesabi. Ngumhlaba omuhle, omkhulu, obanzi laphaya.”

Ngakho-ke, uNeo wehlela phansi wase

enqamula iqele.

Kungekudala, wahlangana nendunduma

yesihlabathi eqinile enezimbobo ezincane, ezifana

Impempe yakhala abadlali bagijima futhi bayongena enkundleni belungela isiwombe sesibili. Umdlalo waqhubeka ngendlela obekwenzeka ngayo ngesiwombe sokuqala ... kwaze kwafika isikhathi lapho kwase kusele umzuzu owodwa kuphela!

UNeo wayesenebhola.

Waqalaza ukuze abone

ukuthi kwakungekho muntu

weDiamond eduze kwakhe.

Cha, wayeyedwa. Wagijima

waya phambili, wajika

nebhola. Khona

manjalo kwaqhamuka

umdlali weDiamond

Football Club.

UNeo wambheka

ngqo emehlweni

ngenkathi

ekhahlela

ibhola

liphuma

phakathi kwemilenze yomunye umdlali. Izibukeli

zachwaza ngentokozo.

Omunye umdlali weDiamond waqonda kuNeo

ethi uzomephuca ibhola. Ngokushesha, uNeo

wakhahlela ibhola waledlulisela kuPriya.

Wonke umuntu wavela wabamba umoya

ngenkathi uPriya ethatha ibhola elikhahlela

kakhulu. **LADUMA!** Unozinti weDiamond akazange

alibone ngisho liza ibhola! UPriya wayeselishaye

phakathi igoli.



Kwaba ngemuva komzuzwana nje. Ngenkathi besathi bajabulela ukungena kwegoli, unompempe wayishaya impempe yakhe! AMaqhawe ayewuphumelele umdlalo!

UNeo wayejabule ngendlela yokuthi wagijima waya kuPriya wafike wamqokula!

Bendawonye baqijima beqonde kubadlali



beqembu labo nakumqeqeshi eceleni kwenkundla, bonke bashayanisa izandla. Ngemuva kwalokho uPriya noNeo bagijima baqonda kubaba kaNeo. URahul wayeshaya ivuvuzela yakhe ikhahlela phezulu.

“Ukudlala kanje kumele kubongwe ngo-ayisikhilimu, Priya noNeo,” kusho ubaba kaNeo. “Amaqhawe ethu angawuthanda kodwa?”

“Yebo! Singawuthokozela u-ayisikhilimu,” uMbali wabaphendulela. Bahleka bonke.

UNeo waqokula uMbali wahamba naye

ngenkathi beyothenge u-ayisikhilimu. Noma

engazange ashaye amagoli amabili ayefuna

ukuwashaya, kodwa wayemsizile umngani wakhe

omkhulu ukuthi ashaye igoli lokuphumelela umdlalo!

UPriya yena-ke? Wayejabule ngoba kwakuyigoli

lakhe lokuqala ngqa ukulishayela aMaqhawe.

Umsindo wevuvuzela kaRahul wawufana nomculo

omnandi odlalelwa yena nje kuphela.



Umzuzu wokugcina

Indaba nguZukiswa Wanner

Imidwebho nguRico

Ihunyushwe nguDumisoni Sibiyva

“Ngizofaka amagoli amabili namuhla, Baba,” kwasho uNeo ngenkathi egqoka amakhokho akhe ebhola.

“Futhi mina ngizosiza ngokwengeza amagoli amathathu kulokho, Malume,” kwasho uPriya owayesanda kufika nje ekhaya kubo kaNeo nomfowabo omncane, uRahul. URahul wayephethe ivuvuzela yakhe ebomvu ngokukhanyayo.

Uyise kaNeo wahleka. “Kulungile, sengikulindele ukushaya ihlombe kuze kube kahlanu-ke!”

“Nami futhi, Malume! Nginingakwazi ukushaya ihlombe?” kubuza uRahul.

“Nakanjani, mfana wami,” kwasho ubaba kaNeo ngenkathi esiza uMbali ukuthi agqoke izicathulo zakhe. Manje-ke, masihambeni!”

Bonke bangena emotweni. UNeo wahlala ngaphambili. Usehlale lapho izikhathi eziningi ngaphambili. Wayenesiqiniseko sokuthi ukuba uyise wayengamvumela, uma nje imilenze yakhe seyimide ngokwanele, wayezokwazi ukushayela imoto. Kwakubukeka kulula nje. URahul noPriya bahlala ngemuva bakaka uMbali. Bamkitaza, naye elokhu egigitheka.


Akubanga sikhathi esingakanani, base besenkundleni yezemidlalo. Babefike ngesikhathi lapho uPriya noNeo sebelangana nabalingani babo abaphuma egenjini iMachhawe Football Club ngenkathi sebeviva. Badlala neDiamond Football Club namuhla.



“Khumbula ukugcinisekisa ukuthi niyakugqwaliswa ukumenyzelela kwaleyo Diamond Football Club ngendlela yokuthi, ngemuva komdlalo kuzomele baguqule igama labo bazibize ngeCoal Football Club,” kwasho umqeqeshi wabo.

Enva kwalokho kwase kuyisikhathi sokuthi abadlali bagijime bangene enkundleni. Unompempe washaya indweba yakhe kwase kuqala umdlalo.

Linto zaqala zashaya ngolonwabo, kodwa masinyane kwase kushesha. Kwakukhona umsindo omkhulu ngenkathi isihalalisa imindeneni yezingane kuwo womabili amaqembu. Ibhola laliba sengenjeni eyodwa yenkundla isikhashana, kubonakale sengathi bazohamba nalo baye ngakwenye ingxenye, omunye walabo badlali aqhamuke alithathe! Umdlalo wachubeka kanje kwaze kwafika isikhathi sekhethu.



“Anginamdlandi manje! Wethembisile ukuthi uzofaka amagoli,” uRahul etshela uNeo noPriya ngenkathi besondela emgenjeni wokuphela kwenkundla. “Yebo. UMbali ufuna amagoli, uMbali ufuna amagoli,” kuphinda uMbali. “UMbali uyozela,” wengeza, ezamula. UNeo noPriya bavele bahleka bagijima babuyela kubalingani abadlala nabo egenjini.



Yabelana ngendaba namuhla!



neminyangwana. Wayezwa amazwi ayisigidi abamatatasata ngaphakathi, kanye nokukhala kwezinyawo ezincane ezizizigidi ezizisithupha.

“Sanbona! Ningobani?” Kumemeza uNeo komunye weminyango.

“Sawubona!” kuphendula izwi elincane.

“Siyizintuthwane. Sixoxa izindaba zomhlaba lapha. Ngabe kukhona ofuna ukuzizwa?”

UNeo wayezithanda izindaba, ngakho wahlala phansi wase elalela. Izintuthwane zamoxela izindaba zazo zeqele kanye nehlahi, kanye nezintaba kanye namadolobha angaleya.

“Izindaba eziningi kangaka pho?” kubuza uNeo. “Kunezindaba eziningi njengezinkanyezi ezisesibhakabhakeni,” kuphendula izintuthwane. UNeo wavayiza evalelisa, wase eqhubeka engamula eqeleni.

Ekugcineni, uNeo wahlangana namanzi amaningi ayegeleza esigodini kusukela ekuseni kuze kube sebusuku. UNeo wangena ukuze apholise imilenze yakhe eshisayo.

Amanzi amthela ezinyaweni zakhe ase ehleka ethi, “Ngingumfula. Ngizula ngisuka ezintabeni ngiye olwandle. Woza, ungilandele. Ngizokuyisa ekhaya.”

UNeo wacabanga nje ukuthi kwakuzoba kuhe kanjani lokho. Ngakho-ke, walandela umfula wehla ngesigodi kanye naphakathi kwezintaba. Bahamba ndawonye intambama yonke kwaze kwacishe kwaba sebusuku, ekugcineni, baze bafika esicongeni sentaba.

Eselapho-ke, uNeo wayekwazi ukubona idolobha elincane, elihlanzwe yizimvula



selikhazimuliswa yilanga elase liyozilahla kunina. Umfula wahuba kamnene wathi, “Kulungile, goduka. Kukhona abantu abakuthandayo laphaya, abalinde ukwabelana nawe ngezindaba.”

UNeo wehlela phansi, wangamula idolobha. Wabona imigwago enobuyaluyalu eyayidabula edolobheni, ifana nemifula. Wabona izindlu, okwakusengathi zifudunyezwe ukukhanya kwasebusuku. Ngaphakathi kwazo abantu babematatasata, njengezintuthwane ezincane.

Ekugcineni, uNeo walunguza ngefasisela lapho okwakukhona uGogo omdala, onezingalo ezinqinile kanye nezirwele ezibheke phezu nengamagatsha esihlahla, owavala incwadi, wagoba ukuze aqabule umfanyana amfisele ubusuku obuhle.



UNeo wacabanga ngeqele kanye nezihlahla kanye nezintuthwane kanye nomfula. Kanti ngesikhathi ebuka isalukazi, uthingo lwenkosazane lwakhanyisa leyo ndlu encane ngemibala egqamile efana naleyo yesithombe esisenwadini yendaba. UNeo wacabanga ngalolu hambo olunezizigameko olwalungaphakathi kwamakhasi encwadi yendaba eyayithandwa nguGogo, wabuye wacabanga ngoGogo noMbali le ekhaya.

Ngakho uNeo wasuka encwadini, wangena embhedeni wakhe ofudumele, egumbini lakhe anethezeke kulo, ekhaya lakhe elincane.

Yingakho, njalo lapho umhlaba ubukeka umpunga, negumbi lakhe libukeka lilincane kakhulu, uNeo uwele avule incwadi. Ungena emnyango ophakathi kwamakhasi encwadi, bese eya emhlabeni omkhulu, obanzi.



Ukuqhakazisa ulwazi lwezingane ngokuxoxa izindaba kanye nokufunda

www.nalibali.org

www.nalibali.mobi

nalibaliSA

@nalibaliSA



Umsindo omuhle kakhulu emhlabeni

Indaba nguNiki Daly
Imidwebo nguRico
Ihunyushwe nguDumisani Sibiya

UBella wayenesithukuthezi, kanti uMama kwakumele ahlanze indlu.

"Thatha uNoodle niphume kenishaywe umoya," kusho uMama.

UNoodle walandela uBella baphuma bahlala ephewumenteni. UBella wadonsa umoya kakhulu wahogela umoya. Kwakungewona umoya omusha oqabulayo. Wawunephunga lentuthu yezimoto eziminyene



emgwaqweni.

Vu-um! kuduma imoto. Popopo! enye isho ngomsindo. Kogo, kogo, kogo! kwedlula isithuthu. Gedle-gedle-gedle! kukhelezela iveni endala esho ngamathaya ayizimpahla nomzimba omdala osubolile.

UBella wayeseqala ukubala imisindo emzungezile.

Yayisimine ngokushesha!

Grrrrrrrrrrrr! kusho idrili emgwaqweni. Hhhhhh!

kuhlonga uNoodle uma ezwa umsindo wedrili. Gqu, gqugqu, gqugqugqu! kuduma umsindo womculo osholo phezulu uphuma etekisini.

Klifiklifikli! kwasho intokazi ikhulumela phezulu

kumakhalekhukhwini wayo. Ohwa, qhwa, qhwa!

kuqhwashaza amaxhumela ayo ephewumenteni ngenkathi yedlula. Hi, hi, hi! kuhafuzela ozivococayo egijima edlula ngakuBella. Wu-wu-wu, wu-wu-wu! uNoodle ekhonkotha ogijimayo. Viyo, viyo, viyo! kusho umfana webhayisikii eshaya umlozi.

"Imisindo EYISHUMI NAMBILI!" kusho uBella.

Kodwa-ke yonke le misindo eyahlukene yayisiqala ukwenza ikhanda likaBella lizulazule, ngakho wama ukubala, wayesethi, "Woza, Noodle, asiye ngemuva kwendlu lapho kuthule kahle khona."

Ngemuva kwendlu umsindo wezimoto wawuzwakalela kude, kude impela. Babekwazi ngisho ukuzwa ubutshiyotshiyoy bengoma emnandi eculwa yinyoni encane.

UBella wavala amehlo wayeseqhalula uNoodle. Emva kwalokho bagxuma bobabili!

"Awul Yo-o! We, we, wei!" Umsindo omubi wasicisha.

"Angizwana lutho," kusho uMama.



kakhulu wawuphuma endlini kaGogo ngaleya kobonda olungemuva. Ngokushesha, uBella wagijima wayotshela uMama ukuthi uzweni.

"Kukhona imisindo emibi ephuma endlini kaGogo!" kumemeza uBella ezwa umsindo othi Hhhhhhhhi, hhhhhhi! wesihlanzi-khaphethi esisebenza ngomoya. UMama wasicisha.

"Angizwana lutho," kusho uMama.



"Lalele, Mama!" kusho uBella. NoMama wayeseyawuzwa manje!

"Awul Yo-o! We, we, wei!"

"UGogo lowo," kusho uMama. "Asiphuthume! Kumele siyobona ukuthi kwenzenjani."

UMama, uBella noNoodle baphuthuma behlisa umgwaqo bajika ekhoni baqonda endlini kaGogo. Bathola uGogo esekhishini lakhe ephetha isandla sakhe.



"Eshu! Ngishe esandleni; yileli bhodwe elingasile!" kukhala uGogo.

"Sifake emanzini abandayo ngenkathi ngisalanda isikhwama sami sosizo lokuqala," kwasho uMama, wayeseqijima ebuyela kwakhe - gi-gi-gi, gi-gi-gi, gi-gi-gi.

Ngokuphazima kweso uMama wayesebuyile, ephethe ibhokisana elincane elimhlophe elinesiphambano esibomvu esivalweni. Wagcoba umuthi othile esandleni sikaGogo wayeseqijima ngebhandishi.

"Gogo, awukwazi ukupheka ngesandla esilimele," kusho uMama. "Wena nomndeneni wakho kumele nize nizodla isidlo sakushiwa nathi namuhla."

"Ngiyabonga," kusho uGogo. "Ngicela uthathe leliya bhodwe elingasile elinobhontshisi wengeze ekudleni kwethu."

Ngesikhathi sesidlo sakushiwa, uGogo wafika nomndeneni wakhe.

Mmm! - yilowo msindo abawenza lapho bezwa iphunga likakhari omandi owawenziwe ngumama kaBella ngebhodwe likaGogo ebelinobhontshisi. NoNoodle wafakelwa kancane esitsheni sakhe. Mimiiti, mimiiti! Wadla washayela ekhanda. Emva kwalokho, xhapha, xhapha! Wavaphuza wavaqeda amanzi esitsheni!

"Ngijabula kakhulu ukuthi ningizwile ngikhala," kusho uGogo kuBella.

"Bengimatasatasa ngibala imisindo engiyizwayo engizungezile," kusho uBella.

"Kulungile, nawu omunye umsindo wakho," kusho

uGogo egoba esondela kuBella. Mncwa! anga uBella esikhathini. UBella wayesekholiwe ukuthi isimingaki imisindo aseiyibalile, kodwa lowo msindo kwakungomnandi ukuyedlula yonke!

"Ngumsindo engiwuthanda kakhulu lowo!" washo emoyizela.

Ngesikhathi sokulala, uMama wabuza uBella, "Ngabe



uyazi ukuthi yimuphi umsindo engiwuthanda kakhulu?"

"Yimuphi?" kwabuza uBella.

Yilona!" kusho uMama, ekitaza uBella esiswini.

Ha, ha, hee, hee, ha, ha, hee, hee! kuhleka uBella.

Yebo! Ukuhleka yikhona ngempela okungumsindo omuhle kakhulu emhlabeni wonke. Wena ucabangani?



Ukokhela inhlansi yalokho izingane ezingaba yikho ngokuxoxa izindaba nokufunda



www.nalibali.org




www.nalibali.mobi



nalibaliSA



@nalibaliSA



Soon the party was in full swing. Tin sang her songs while Neo, Hope, Josh and Bella played along. And Noodle barked every now and then to join in too!

Then the other artists each sang a song from their country. The crowd cheered and clapped. They loved the show!

"You see," said Tin to the We Can Band, "this little team saved the dream! Thanks to the four of you ... and Noodle, everyone enjoyed a wonderful party!"

Ngesikhashana nje umcimbi wawusuvutha bhe. U Tin wacula amaculo akhe ngenkathi uNeo, noHope, noJosh noBella bedlala ezabo izinsimbi. NoNoodle wezwakala eselokhu ekhonkotha yonke indawo ukuze naye phela angasali ngaphandle!

Amanye amaciko nawo acula amaculo amazwe awo. Izethameli zazilokhu zichwaza zishaya nezandla. Zaziwuthokozela kakhulu umcimbi!

"Niyabona-ke," kusho uTin etshela i-We Can Band, "bewuzoba yini nje lo mcimbi ngaphandle kwalaba abane! Ngenxa yenu nina nobane ... ngingamkhohlwa kanjani kodwa uNoodle, wonke umuntu lapha ukuthokozele ukuba lapha!"



Neo grabbed Hope's arm. "Look," he said. "Tin's on stage! But where is the We Can Band?"

Before Hope could answer, Tin stepped up to the microphone. "Hello!" she said. "ARE YOU READY TO START THIS PARTY?"

"Yebo, yes!" shouted the crowd.

Tin started playing her guitar. "Repeat after me," she said as she started singing. "Left foot back,"

"Left foot back," sang the crowd.

"Right foot back," sang Tin.

"Right foot back," sang the crowd.

Josh and Hope were smiling and singing along, but Neo was still looking around for the band.

"Gogo," said Neo, "did you hear that? They said everyone is welcome. May we please go? Please?"

Gogo looked at Neo and smiled. "If Josh and Hope are allowed to go, then you may go too," she said. Josh and Hope were out the door as quick as a flash to ask their parents' permission to join the party at the park.

When they came back to fetch Neo, Hope told Gogo that Bella and her mom would be going too.


"Okay, off you go then. Stay close together," said Gogo.

"Gogo," kwasho uNeo, "uzwile ukuthi bathini? Kuthiwa wonke umuntu wemukelekile. Siyacela ukuya bandla nathi! Siyacela!"

UGogo wabuka uNeo wamamatheka. "Uma abazali bakaJosh noHope bevuma, nawe-ke ungaya," kuphendula uGogo. UJosh noHope baphuma begijima okonyazi beyocela kubazali babo imvume yokuya emcimbini epaki.

Lapho sebuya bezolanda uNeo, uHope watshela uGogo ukuthi uBella uzobe ekhona naye epaki ehamba nonina.

"Kulungile, hambani ke. Nihlale ndawonye ningalahlekelani," kwasho uGogo.





Epaki, uNeo wabona uBella ekanye nonina: kwakukhona ngisho noNoodle, inja yabo phela! "Ngibona sengathi idolobha lonke ligcwele lapha," kuphawula uNeo. "Kukhona ngisho nabavela kwamanye amadolobha." "Lalela...," kwasho uJosh. "Yini kube sengathi kunabantu abakuhluma isifulentshi nje?" "Ngempela!" kwasho uHope. "Futhi ngizwa nabakuhluma isichichewa nesishona."

At the park, Neo saw Bella and her mom, and even Noodle had come along! "I think everyone from our town is here," said Neo. "And some new people too."

"Listen..." said Josh. "Are some people speaking French?"

"Yes!" said Hope. "And I can hear Chichewa and Shona too."



Tin strummed her guitar and said, "LET THE MUSIC BEGIN!" As Tin pointed at Neo and Hope, they beat their drums. Then Tin sang, "Left foot back," and pointed at the crowd. "Left foot back," sang the crowd. "Right foot back," sang Tin. "Right foot back," sang the crowd. Next Tin pointed at Josh and he shook his shakers in time to the beat. "Right foot back," sang Tin. "Right foot back," sang the crowd. Tin pointed at Bella. The row of tins chimed beautifully as Bella swung them against each other. Noodle barked excitedly.

UTin washaya isigingci sakhe wathi, "AWUSHE-KE UMCULO!"

Njengoba uTin ekhomba uNeo noHope nje, baqala badlala izigubhu zabo. UTin wabe esecula, "Unyawo lwesokunxele emuva," wabe esekhomba izethameli.

"Unyawo lwesokunxele emuva," kucula izethameli.

Okulandelayo uTin wakhomba uJosh naye uJosh waxukuza izixukuzo zakhe elandela isigqi.

"Unyawo lwesokudla emuva," kucula uTin.

"Unyawo lwesokudla emuva," kucula izethameli.

UTin wakhomba uBella. Amathini akhala kamnandi njengoba uBella ewashwila ukuze ashayisane. UNoodle wezwakala ekhonkotha ngenjabulo enkulu.



Get story active!

Here are some activities for you to try with your family. They are based on all the stories in this edition of the Nal'ibali Supplement: *A party at the park* (pages 5, 6, 27 and 28) and *The boastful little weaver bird* (page 30).

A party at the park

Before you read the story

- ★ Ask your children to share their thoughts with you about a concert that they would like to go to. Ask them what they would look forward to most and who they would take with them.

After you've read the story

- ★ Talk to each other about different musical instruments, the sounds they make and where they come from. Talk about which household items could make good instruments (e.g. an empty coffee tin for a drum or empty bottles for a xylophone).
- ★ Choose one or two instruments that you spoke about, collect what you need to make them and listen to the sounds they make when you play them.
- ★ Ask younger children to draw their favourite part of the story. Older children can write about a party they would like to have, what would happen at the party and who would be there.
- ★ Look at the picture below. In each thought bubble, write what you think the character is thinking about. Then colour in the picture.



The boastful little weaver bird

- ★ Use clay, playdough or even Prestik to create the characters in the story, or draw your own pictures of them and cut them out. Use your characters to retell the story in your own way!
- ★ Do you know of any other stories that have snakes and birds in them? What happens in these stories? Are there any similarities to this story?



Ihlokohloko elincane elizigabisayo

- ★ Sebenzisa ubumba, inhlama yokudlala noma iPhrestikhi imbala ukwakha abalingiswa abasendabeni, noma udwebe izithombe zakho zabalingiswa, uzisike bese uzikhipha. Sebenzisa abalingiswa bakho ukuxoxa kabusha indaba ngendlela yakho!
- ★ Ingabe uyazazi ezinye izindaba ezinezinyoka kanye nezinyoni? Kwenzekani kulezi zindaba? Ingabe kukhona okufanayo kule ndaba?



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nayi eminye imisebenzi eqondiswe kuwe ukuthi uyizame nomndeni wakho. Yonke isekelwe kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNal'ibali: *Umcimbi epaki* (amakhasi 5, 6, 27 nelama-28) kanye nethi *Ihlokohloko elincane elizigabisayo* (ikhasi 31).

Umcimbi epaki

Ngaphambi kokufunda indaba

- ★ Cela izingane zakho ukuthi zabelane nawe ngemicabango yazo mayelana nedili lomculo ezingathanda ukuya kulo. Zibuze ngalokho ezingafisa ukukubona kanye nokuthi zingathanda ukuhamba nobani.

Ngemuva kokuthi usuyifundile indaba

- ★ Khulamani nodwa mayelana nezinsimbi zomculo, imisindo eziyenzayo nokuthi zivela kuphi. Khulamani ngokuthi yiziphi izimpahla zasendlini ezingenza izinsimbi zomculo ezinhle (isib. ithini lekhofi elingasenalutho njengesigubhu noma amabodlela angenalutho njengezayilofoni).
- ★ Khetha insimbi yomculo eyodwa noma ezimbili okhulume ngazo, qoqa lokho okudingayo ukuze uzakhele bese ulalela imisindo eziyenzayo ngenkathi uzidlala.
- ★ Cela izingane ezincanyana ukuthi zidwebe ingxenye yendaba eziyithandle. Izingane ezinadlana zingabhala mayelana nomcimbi ezingathanda ukuba nawo, okuzokwenzeka emcimbini nokuthi ngobani abazobe bekhona.
- ★ Ebhamuzeni lomcabango ngalinye, bhala lokho ocabanga ukuthi kucatshangwa ngumlingiswa. Emva kwalokho faka umbala esithombeni.



The boastful little weaver bird

Written by Nicky Webb ■ Illustrated by Vian Oelofson



Once there was a little weaver bird that was very proud of his beautiful yellow feathers and shiny black beak. He sat on the reeds by the side of the river shouting to anyone who would listen, "Look at me! Am I not beautiful? Look at my bright yellow feathers! See how my beak shines in the sun!"

The other birds and animals didn't like the little weaver bird. It wasn't just that he was boastful, he was also mean.

"Hey, Crocodile!" shouted Weaver, "You have really ugly teeth. They are big and jagged and yellow, and you have bits of meat stuck in them! Sies! I bet you wish you had a beautiful beak like mine!"

Crocodile slid under the water and thought about how nice it would be if Weaver was stuck in his teeth!

When it was time for Weaver to build a nest, he went about it in his usual boastful way. Instead of choosing bits of grass and reed and feathers like the other birds, he picked up pieces of shiny paper and sparkly sweet wrappers, which he wove into the nest. When he was done, his nest sparkled and twinkled in the sun. "Hey, everybody," shouted Weaver. "Look at my nest! Isn't it magnificent? See how it shines in the sun!"



A tortoise ambled past the reeds and stopped to look at Weaver's strange nest. "Don't you wish that you had a home like mine, Tortoise?" tweeted Weaver. "Yours is very dull and boring. See how mine sparkles."

Tortoise shook his head. "I am happy with my shell, Weaver. It keeps me safe, and that is all that is important to me."

Next, a little field mouse poked her head out of a pile of dry leaves. A piece of foil in Weaver's nest caught her eye. "Wow, Weaver, your nest is very bright," she squeaked.

Weaver puffed up his feathers. "Isn't it?" he said proudly. "Are you not tired, Mouse, of living in brown leaves and twigs? How very sad and drab your house is."

"No, Weaver," said Mouse. "When you are my size, you are on the menu of lots of other animals. When I burrow deep into my pile of leaves, no one can see me and that stops me from being eaten. I'd rather be safe than sorry."

"I am sure that you are just jealous," sniffed Weaver with his beak in the air.

Now there was a big snake near the river that had been sleeping through the winter. When he woke up, he felt very hungry, and so he went in search of something tasty to fill his stomach. He came across the little tortoise basking in the sun. Tortoise took one look at Snake's flickering tongue and beady eyes and pulled his head straight back into his shell. Snake nudged Tortoise a few times, but it seemed like this was just a hard shell, so he moved on to look for something that he could sink his teeth into.

Soon Snake spotted Mouse, who was gathering seeds and other tasty treats for her lunch. He slithered towards her, trying to make as little noise as possible, but his grumbling stomach gave him away. Mouse shot off as fast as her little legs could carry her and squirmed quickly down to the bottom of her pile of dry leaves. She lay there quietly, not moving a whisker. Snake prodded the leaves for a bit, but his tummy was now growling loudly. He was too hungry to dig through all those leaves for a meal as small as Mouse, so he moved on.

Soon he found himself down by the river. There, the strangest thing caught his eye. It looked just like a nest, but it sparkled and blinked in the bright sunlight. Snake spotted Weaver flying into the nest. "Funny that a bird would not try to hide his nest from a hungry snake," said Snake to himself.

He crept silently towards the river and wound his way up the reeds to Weaver's nest. Luckily, just as he was about to poke his head into the nest and eat the little bird, he was spotted by the other birds, who shrieked and cheeped a warning. Weaver shot out of his nest just in time and managed to get away, but Snake knocked the beautiful nest to the ground, where it broke apart.



"That will teach you, Weaver, for being such a show-off," chirped the other birds.

"And look!" cried a little chick, "your feathers have turned brown!"

Weaver looked at his wings in horror. They were indeed completely brown. He felt very ashamed. Not only had he nearly been eaten, but his house had been destroyed and his beautiful yellow feathers were quite brown and ordinary, just like lots of the other birds.

Weaver had learned his lesson. He stopped showing off and started being kinder to the other animals. Although his feathers turned yellow again, to this day, every winter, they turn brown again to remind him of his foolishness.





Ihloko hloko elincane elizigabisayo

Ibhalwe nguNicky Webb Imidwebo idwetshwe nguVian Oelofson



Ikhona lezindaba

Ngelinye ilanga kwake kwaba nehloko hloko elalizigabisa ngezimpaphe zalo ezinhle ezinombala ophuzi kanye nomlomo omnyama ocwebezelayo. Lalihleli phezu komhlanga eduze komfula limemeza noma ngubani owayengase alalele, "Ngibukeni! Angimuhle yini? Bukani izimpaphe zami ezigqamile eziphuzi! Bukani ukuthi umlomo wami ucwebezela kanjani lapho uhlathwa yilanga!"

Ezinye izinyoni kanye nezilwane zazingalithandi ihloko hloko elincane. Kwakungekhona nje ukuthi laliziqhayisa kuphela, laliphinde libe nonya.

"Hheshe, Ngwenya!" kumemeza ihloko hloko, "Ave unamazinyo amabi ngendlela exakile. Makhulu, acijile futhi aphuzi, futhi unezinsalela zenyama ezisalele kuwo! Phu! Ngiyafunga ukuthi uyafisa sengathi ngabe ubunomlomo omuhle onjengowami!"

Ingwenya yanyelela yangena ngaphansi kwamanzi yase icabanga ngokuthi bekungaba kuhle kanjani ukuba ihloko hloko laligaxele emazinyweni ayo!

Ngenkathi sekuyisikhathi sokuthi ihloko hloko lakhe isidleke, lahamba lazulazula ngokuzigabisa njengokwejwayelekile. Esikhundleni sokukhetha iziqephu zotshani nomhlanga nezimpaphe njengezinye izinyoni, lacosha iziqephu zephepha elicwebezelayo namaphepha akhanyayo okugoba amaswidi, elabe seliwithungela esidlekeni. Lathi lapho seliqedile, isidleke salo sase sicwebezela futhi sikhanya lapho sihlathwa yilanga. "Sanibonani nonke," kumemeza ihloko hloko. "Bukani isidleke sami! Ingabe asimangalisi na? Sibhekeni ukuthi sicwebezela kanjani elangeni!"



Ufudu lwamangala lwedlula emhlangeni futhi lwama lwabuka isidleke esingajwayelekile se-hloko hloko. "Awufisi ngabe ubunekhaya elifana nelami, Fudu?" kutshiloza ihloko hloko. "Elakho liphuphile futhi liyadikibalisa. Buka elami ukuthi licwebezela kanjani."

Ufudu lwanikina ikhanda lalo, "Ngijabule ngegobolondo lami, Hloko hloko. Lingicina ngiphephile, futhi lokho kubaluleke kakhulu kimi."

Okulandelayo, igundane elincane lalunguza ngekhandu lalo ngaphansi kwengqumbi yamacembe omileyo. Isiqephu sefoyili elisesidlekeni se-hloko hloko sadonsa amehlo alo. "Ewu, Hloko hloko, isidleke sakho sigqamile kakhulu," kunswininiza igundwane.

Ihloko hloko lafutha izimpaphe zalo. "Usho njalo?" lasho ngokuzigabisa. "Gundane, awukhathele ukuhlala phakathi kwamacembe ansundu nezinswazi? Ave idumaza futhi iyimbi indlu yakho."

"Cha, Hloko hloko," kwasho igundane. "Uma unobuncane obungangobami, uyisidlo sezinye izilwane eziningi. Uma ngizifihla ngaphansi kwengqumbi yamacembe ami, akekho ongakwazi ukungibona kanti lokho kungisiza ukuthi ngingadliwa. Kungcono ngiphephe kunokuthi ngizisole."

"Ngiqinisekile ukuthi unomona nje," kuhogela ihloko hloko emoyeni ngomlomo walo.

Manje sekunenyoka enkulu eduze komfula ebilokhu ibhacile ubusika bonke. Ngenkathi ivuka, yayizizwa ilambe kakhulu, ngakho yahamba yayocinga okuthile okumnandi okuya esiswini. Yathola ufudu oluncane lotha ilanga. Ufudu lwabona ulimi lweNyoka olunyakazayo kanye namehlo asabuhlalu lwavele lwadonsa ikhanda lalo labuyela ngqo egobolondweni lalo. Inyoka yadudula Ufudu izikhathi ezimbilwa, kodwa kwabonakala sengathi kwakuyigobolondo nje eliqinile, ngakho yaqhubekela phambili yayobheka okunye eyayingase ifake amazinyo ayo kukho.

Khona manjalo Inyoka yabona Igundane, elaliqoqa izinhlamvu nokunye okudliwayo okuzoyizayo kwesidlo sasemini. Yahubuluza ngesisu iqonde kulo, izama ukwenza umsindo omncane ngangokusemandleni, kodwa isisu sayo esasikhala ngenxa yendlela senza ukuthi ungaphumeleli lo mzamo. Igundane lantweza ngokushesha ngangamandla ezinyawana zalo lanswininiza ngokushesha lisithela ngaphansi kwengqumbi yamahlamvu omileyo. Lalala lapho lithule du, linganyakazisi ngisho izindevu. Inyoka yahlakolozela amahlamvu kancane, kodwa isisu sayo sasesiduma kuzwakale. Yayisilambe kakhulu ukuthi ingacinga kuwo wonke lawo mahlamvu ukuze ithole ukudla okwakukuncane njengeGundane, ngakho yavele yaqhubekela phambili.

Khona manjalo yazithola yehla iqonde phansi emfuleni. Lapho-ke, into engajwayelekile yadonsa amehlo ayo. Yayibukeka njengesidleke nje, kodwa yabe ikhazimula futhi icwebezela lapho ihlatshwa yilanga elikhanyayo. Inyoka yabona ihloko hloko lindiza lingena esidlekeni. "Kuyahlekisa ukuthi inyoni angeke izame ukufihla isidleke sayo enyokeni elambile," kwasho Inyoka ikhuluma yodwa.

Yahubuluza kancane ibheke emfuleni futhi yashwilingana yenyuka ngomhlanga ibheke esidlekeni se-hloko hloko. Ngenhlahlala, ngenkathi nje isizofaka ikhanda layo esidlekene idle inyoni encane, yabonwa ngezinye izinyoni, ezabe sezibanga umsindo wokwexwayisa. Ihloko hloko laphuma liyinhlamvu esidlekeni salo ngesikhathi esifanele futhi lakwazi ukubaleka, kodwa Inyoka yasiwisa phansi bhu isidleke esidle, lapho esavele sahlephuka sahlakazeka.



"Lokho kuzokufundisa, Hloko hloko, ngokuzithwala kwakho," kutshiloza ezinye izinyoni. "Futhi awubheke nje!" kukhala iphuphu, "Izimpaphe zakho seziphenduke zaba nsundu!"


Ihloko hloko labuka izimpiko zalo ngokwesaba. Nebala zase ziphenduke zaba nsundu ngokuphelele. Lazizwa lihlazeke kakhulu. Kwakungekhona nje ukuthi licishe ladliwa kuphela, kodwa indlu yalo yayibhidliziwe kanti nezimpaphe zalo ezinhle eziphuzi zase zinsundu futhi sezijwayelekile, njengeningi lezinye izinyoni.

Ihloko hloko lasifunda isifundo salo. Layeka ukuzigabisa futhi laqala ukuba Nomusa kwezinye izilwane. Nakuba izimpaphe zalo zaphenduka zaba phuzi futhi, kuze kube namuhla, njalo ebusika ziyaphenduka zibe nsundu ukuze zilikhumbuze ngobuwula balo.



Nal'ibali fun

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



1. Make a badge

1. Cut along the red dotted line to cut out the badge.
2. Colour in the picture.
3. Cut a circle the same size as the badge from some thin cardboard, for example, a cereal box.
4. Use glue to paste the badge onto the cardboard.
5. Use sticky tape or masking tape to attach a safety pin to the back of the badge. Or make a hole at the top and thread some wool or string through it so that you can hang it around your neck.
6. Enjoy wearing your badge as you read and listen to stories on World Read Aloud Day.


Yenza ibheji

1. Sika ulandele amachashazi abomvu ukuze usike ukhiphe ibheji.
2. Hlobisa isithombe ngombala.
3. Sika isiyingi esiwubukhulu obufanayo nebheji ekhalibhothini elilulana, isibonelo, ibhokisi lamasiriyeli.
4. Sebenzisa iglu ukuze unamathisele ibheji ekhalibhothini.
5. Sebenzisa itheyiphu yokunamathisele noma eyokumboza ukuze unamathisele isipeletu ngemuva kwebheji. Noma uvule imbobo phezulu bese ushutheka umucu wewuli noma wentambo ukuze ukwazi ukuligaxa entanyeni yakho.
6. Thokozela ukugqoka ibheji lakho ngesikhathi ufunda futhi ulalele nezindaba ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale.



2. Look at these pictures from *A party at the park*. Number them so that they match the order in which things happened in the story. Now use the pictures and retell the story.

Bheka izithombe eziphuma endabeni ethi *Umcimbi epaki*. Zifake izinombolo ukuze ziqondane nokulandelana kwezinto ezenzeke endabeni. Manje sebenzisa izithombe ukuxoxa kabusha indaba.



2. Unscramble the letters to find five musical instruments from *A party at the park*.

Hlela kahle izinhlamvu ukuze uthole izinsimbi zomculo eziphuma endabeni ethi *Umcimbi epaki*.

scirkudmts _____

agruti _____

srudm _____

mecihs _____

skrahes _____

izikundu gubhusize _____

ingisici _____

ibhuguzi _____

ashamamiyi _____

ohlehlekhekhe _____

Answers: 2. 13, 1, 4, 2; 3. drumsticks, guitar, drums, chimes, shakers
 izimpendulo: 2. 3, 1, 4, 2; 3. izinduku zesigubhu, isiginci, izigubhu, amashayimi, okhelekhekhe

Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us in any of these ways:

UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela:

www.nalibali.org

www.nalibali.mobi

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

info@nalibali.org

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

UMLAZI
EYETHU

EASTERN CAPE
RISING SUN

POLOKWANE
OBSERVER



Drive your imagination

